# Buhle ubungani

## Imibuzo ngaphambi kokufunda

1. Ubonani kulesi sithombe?
2. Ucabanga ukuthi kwenzekani lapha?

UNdalo nabangani bakhe badlala ibhola, bajabulile. “Igoli!” kumemeza uNdalo elifaka phakathi.



EXTRACT PAGES

Ngapha kuyadlalwa, ngapha babelana ngoswidi ofike no-Imran benoMncedisi.

Ingabe yini ejabulisa uNdalo nabangani bakhe? Uke ubaphe yini abangani bakho?


EXTRACT PAGES

Kunesiphithiphithi ekilasini, uBenny usebhamazeke phansi, "Vuka ngikuthintithe," kusho uMncedisi ebamba insini. Phela izandla ziyagezana.

Ingabe esani isiphithiphithi? Ungumuntu onjani uMncedisi?

"Halala bafundi ngokuthatha amaphepha niwafake emgqomeni kadoti! Phambili ngabafundi nabangani abazimbandakanya, basebenze ngokubambisana."




Ucabanga ukuthi sinjani isikole sabo? Uma ubuka isithombe esingenhla ucabanga ukuthi yini ejabulise uMisi?

Namuhla isikhathi sokufunda ngamaqembu, siyalekelelana ukugudluza nokusondelanisa amadesiki ukuze sihlale kahle. “Qukula! Zasha!” UNdalo usile, ugcina ngokusho isiqubulo, akalekeleli yena. Uthisha uhlale esikhuthaza ethi sizophumelela uma siqhubeka nokubambisana.



EXTRACT PAGES

Isiqubulo esithi "Qukula, Zasha!" Sisho ukuthini? Ubuzophatheka kanjani uma bekushiwo kuwe ukuthi usile?



Nangu uMfundo ecela uthisha ukuba amkhombise umbhalo obizwa ngebhreyili. Uchazela uthisha wakhe ukuthi usethole umngani omusha ongenaso isiphiwo sokubona. Uthisha ukhombisa uMfundo kuthebhulethi ukuthi umbhalo onjani ibhreyili.

EXTRACT PAGES

Uyawazi umbhalo weBhreyili? Ngabe unjani? Ingabe uzokwazi yini ukusebenzisa ithebhulethi uMfundo?

# Abangani beqiniso

## Imibuzo ngaphambi kokufunda

1. Zingaki izingane ozibona esithombeni?
2. Ucabanga ukuthi kwenzekani kulesi sithombe?

UNdalo unabangani bakhe uJeni, uDania kanye noSakhizwe ongumngani kaNdalo weminyaka. Laba ngabangani bakhe abakhonzile kakhulu.

EXTRACT PAGES



Kusho ukuthini ukuba umngani weminyaka? Ingabe abangani beqiniso ngani?



EXTRACT PAGES

Abangani bami abafani, yiloyo naloyo unokwakhe engimthandela kona. Khona othanda ukudlala. Khona okhuthele, onethalente lokuxakazisa izimoto.

Ngabe uNdalo uyabamukela abangani bakhe? Isiphi isipho noma ithalente onalo?



Silekelelana ngomsebenzi wesikole. Kufanele sakhe irobhothi. “Hhawu, Jeni noSakhizwe! Nalibala ukufundisana isiZulu. Fakani neyenu imibono ukuze iphumelele iphrojekthi yethu!” kufutheka uDania.

Ingabe lizoba njani irobhothi ngoba abanye benza okwabo?
Yini abangalekelela ngayo abangani ukuze baphumelele?

EXTRACT PAGES

"Hhayi bo! Bafwethu, ngasebenza ngedwa, le phrojekthi yerobhothi idinga sibambisane!" kukhalaza uDania ngokucasuka. Uyazikhalalela ngoba kuthiwa ingane engakhali ifela imbelekweni.



EXTRACT PAGES

Wena wawungenze njani unguDania abangani bakho bengakusizi?

"Dania, woza uzodlala kancane ukuze uthathe ikhefu, siyakukhumbula," kusho uSakhizwe. UDania naye ushiya iphrojekthi ayenzayo uphikelela kubangani bakhe abadlalayo. "Sengikhona alize ibhola!"




Ngokwakho ukubona izophela yini le phrojekthi? Yini emnandi ngokuba ingane?



EXTRACT PAGES

Siphelile isikhathi sokudlala nesokufunda.
“Asiwuqedanga njalo umsebenzi ebesiwunikiwe bangani,” kusho uDania.
“Ngizofika kini sizowuqedela,” kusho uJeni.

Ungumngani onjani uDania? Ingabe uzofika ngempela yini uJeni?